KWAZULU-NATAL
LEGISLATURE
AN ACTIVIST, PEOPLE-CENTRED LEGISLATURE



IsiShayamthetho saKwaZulu-Natal | Tel : 033 355 7600 | Website : www.kznlegislature.gov.za



ISilo siphinde elokushintshwa kwegama lesiFundazwe



UMnotho wesiFundzwe uyasimama Ngaphansi kukaHulumeni Wobumbano



Ukuqina kobudlelwano phakathi kobuKhosi baKwaZulu kanye noba mangisi

# ISilo siphinde elokushintshwa kwegama lesiFundazwe



**ISILO** samaBandla Ingonyama u MisuZulu Ka Zwelithini isipinde yalihlaba ikhwelo lokuthi igama lesifundazwe sakWaZulu-Natali lishintshwe libizwe ngela KwaZulu. Ingonyama iphinde yalihlaba lelikhwelo ngenkathi yethula inkulumo yayo yokuvula isi Shayamthetho sa KwaZulu-Natali ezinkundleni zase Woodburn eMgungundlovu.
ISilo u Misuzulu siqale ukuhlaba igama lesifundazwe ngenkathi sikhuluma ngomgubho wempi yase Sandlwana eNquthu ngenyanga ka Januwari kulonyaka. "Ngenkathi u Vaso da Gama efika kulelizwe, wafika kunabantu ababehlala lapha okwaku ngama Zulu kodwa wathi uthole indawo wayeseyiqamba igama wathi kuse Natali. Ngihlaba ikhwelo ke njenge Ngonyama yama Zulu ukuthi ukuthi alishintshwe leligama libuyele egameni lalo la KwaZulu. Lesinyathelo kumele engabe kade sasithatha" kusho Ingonyama.
Ithe lolushintsho lungaholela ekutheni leli la KwaZulu lihehe izivakashi eziningi ligcine selifana namanye amazwe abuswa ngobukhosi okufana no United Arab Emirates kanye United Kingdom.
Ngaphambi kokhetho luka 1994 isifundazwe sasihlukene kabili kunengxenye eyayibuswa hulumeni wakwa Zulu kanye neyayibuswa uhulumeni wobandlululo I Natal. Emva kokhetho luka 1994 kwahlanganiswa lezindawo zombili kwavunyelwana ngegama Elisha elithi KwaZulu-Natal. Selokhu Isislo silihlapbile lelikhwelo, sesithole ukwesekwa ngamaqembu ezepolitiki okubalwa kuwo Inkatha Freedom Party, Umkhonto we Sizwe kanti I ANC esifundazweni ayisichithi isiphakamiso seSilo kodwa ithi udaba okusafanele luxoxwe.
Ingonyama ithe sasingekho isidingo sokuhlanganisa lamagama I KwaZulu ne Natal ngoba leli la KwaZulu lalivele liqanjwe Ilembe, Inkosi uShaka ngonyaka ka 1816. Isilo sibuye sakhala nge Ngonyama Trust ukuthi isalalwulwa ngu hulumeni ka Zwelonke yize umhlaba kungowamakhosi. Isilo u Misuzulu uthe usejube iJaji eselathatha umhlalaphansi u Madondo kanye noqweqwe lommeli u Advocate Ngcukaitobi ukuba bake bayibukisise kahle lendaba ye Ngonyama Trust Isilo sithi sifisa ukuba uMthetho Ingonyama Trust Act sichibiyelwe ukuze kube nguye ozoqoka amalungu ebhodi le Ngonyama Trust nokuthi isiShayamthetho sa KwaZulu-Natali kube yiso esizoqapha (0versight) ukusebenza kwalelibhodi. ISilo sithe sesijube uNdunankulu waso uMfundisi u Thulasizwe Buthelezi ukuba anxenxe amaqembu ezepolitiki kuzwelonke ukuba eseke lesiphakamiso sokushintsha Ingonyama Trust.

# Besihanjelwe izikhulu no saziwayo isiShayamthetho saKwaZulu-Natali






**WONKE** amehlo abebheke esi Shayamthetho sa KwaZulu-Natali kulelisonto eliphelile ngenkathi iSilo sama Bandla Ingonyama u Misuzulu ka Zwelithini euthula inkulumo yakhe yokuvula isiShayamthetho. Inkulumo yesilo, eyethulwe ngoLweSine olwedlule ilandelwe ileyo ka Ndunankulu ebinika umhlahlandlela ngesifundazwe sa KwaZulu-Natali.

Yize bonke abantu bebelangazelele ukuthi Isilo kanye no Ndunankulu bazothini ezinkulumweni zabo, iningi belilindele ukubuka abahlonishwa kanye nezihambeli ukuthi zizobe zigqoke kanjani. Umswenko ubudla umuny nsuku zombili njengoba ngosuku lokuqala bekugqokwe imvunulo kwathi ngolwesibili (lwenkulumo ka Ndunankulu) bekuswenkiwe kuconswa.

IsisShayamthetho besihanjelwe osomabhizinisi, amakhosi, amakhansela kanye nalabo babengamalungu nezikhulu zikahulumeni eminyakeni engaphambili. Omunye wababonakale behambela is Shayamthetho iloyo owaye Nguengameli wezwe uMnuz u Jacob Zuma osengumholi weqembu le MKP. Wemukelwe ngensasa ehambisana nalayo owayengu Ndunankulu uMnuz Willies Mchunu naye futhi osengu Mholi we MKP esifundazweni sa KwaZulu-Natali. Ingqalabutho ye politiki esifundazweni eyake yaba NguSomlomo wesi Shayamthetho sa KwaZulu-Natali u Neliswa Peggy Nkonyeni kanye nalowo owaye ngu Ndunankulu u Mnuz Sihle Zikalala nabo babonakele behambele lemicimbi ebibanjwe ezinkundleni zase Woodbrun eMgungundlovu














# UMnotho wesiFundazwe uyasimama Ngaphansi kukaHulumeni Wobumbano

**UNDUNANKULU** wesifundazwe sa KwaZulu-Natali u Mhlonishwa u Thami Ntuli utshele izinkulungwane zabantu eMgungundlo ngo LweSihlanu ukuthi umnotho wesifundazwe ukhombisa ukusimama ngaphansi kukahulumeni wobumbano. UNtuli ubethula inkulumo yakhe yesifundazwe ezinkundleni zase Woodburn eMgungundlovu ngenkathi kuvulwa ngokusemthethweni isiShayamthetho sa KwaZulu-Natali Umnotho wesifundazw saKwaZulu-Natali ubudonsw=a kanzima emuva kwezibhelu zango 2021 lapho kwacekelwa khona ingqalasizinda kwashona nabantu abaningi. Uphinde wakhinyabezeka futhi umnotho wesifundazwe ngezikhukhula zango 2022 nazo ezcekela phansi ingqalasizinda zashiya abaningi abantu bengenamakhaya kucekeleke phanso namabhizinisi. Konke lokhu kwakwenzeka ngenkathi isfundazwe sithi sizama ukusimama emva kobhubhane lwesifo se COVID esavumbuka ngonyaka ka 2020 saze sanqontshwa ngonyaka ka 2022. "Umntoho wesifundazwe uskhombise iznkoba zokuthuthuka ikakhulukazi ngo 2025 njengoba ukhule ngo 1.8%. Yize noma kungekhona ukukhula okungatheni kodwa kuyajabulisa uma ubuka isimo esiphuma kusona njengesifundazwe," kusho uNtuli. U Ntuli ukugcizelele ukuthi enye yezinto uhulumeni wakhe azooziqinisekisa ukukhulisa umnotho waso lwandle njengobaingxenye enkulu yesifundazwe inkaknwe ulwandle.

Uthe ngonyaka odlule uhulumeni wakhe ungene esivumlwaneni sokusebenzisana ne Nkampani enkulu yase Italy eyakha izikebhe zalabo abadla izambane likpondo ebizwa nge Navigo International. 'Ngalobudlelwano sizama ukuqinisekisa ukuthi isifundazwe sizodlala indima ebalulekile ekukhiqizweni kwalezikebhe zabadla izambane likapondo (superyachts). Uthe ngokubambisana nezikhungo zemfundo ephakeme okufana ne Nyuvesi ya KwaZulu-Natali kanye ne Durban University of Technology lobudlelwano sebuholele ekwakhiweni kwezinhlelo zoqeqesho kulezikhungo zabantu abangase babambe iqhaza kulemboni.

UNtuli uphinde wabika futhi nezibalo zobugebengu seziyehla kakhulu ebalula nokuthi indawo yase Nanda ekade ihamba phambili ngobugebengu isiyehlile isingeyesine kuzwelonke. Uncome kakhulu igalelo lubuholi bo Mkhuzi wamaPhoyisa esifundazweni u Khomishana u Nhlanhla Mkhwanazi

***"Yize noma izibalo zisephezulu kodwa ubugebengu buyehla. Izibalo ezisa nda kuphuma zikhombisa ukuthi ubugebengu behle ngamaphesenti alishumi nantathu esifundazweni sa KwaZulu-Natali. Konke lokhu kukhombisa ukusebenza ngokuthembeka nokuzikhandla komkhuzi wamaphoyisa kulesifundazwe uKhomishana u Nhlanhla Mkhwanazi.," kusho uNtuli. Ube esenxenxa abantu ba KwaZulu-Natali ukuba basebenzisane namaphoyisa ukulwa nobugebengu.***




















# Ukuqina kobudlelwano phakathi kobuKhosi baKwaZulu kanye noba mangisi



**KUQOPHEKE** umlando eMgungundlovu ngenkathi isekela lika Khomishana wase Britain u Lisa Weedon ethula incwadi evela ku Prince Willliam wase Ngilandi eyethula kwiSilo sama Zulu Ingonyama u Misuzulu ka Zwelithini ezinkundleni zase Mgungundlovu lapho iSilo kade sethula inkulumo yokuvula isi Shayamthetho. Lencwadi iyingxenye yezingxoxo eziqhubekayo phakathi kobukhosi bama Ngisi eNgilandi kanye nobuKhosi baKwaZulu okuhloswe ngabo ukuqinisekisa nokuthuthukisa ukusebenzisana phakathi kwalezizwe ezidume kakhulu umhlaba wonke. Lokhu kuthutthukiswa kobudlelwano kuyingxenye eyqwla iSilo sama Zulu Ingonyama u MisuZulu ngenkathi enezingxoxo nobukhosi base Ngilandi kanye nobuKhosi base United Arab Emirates ngonyaka ophelile u 2025. Lokhu kuxhumana kukhombisa ukuqina kobudlelwano phakathi kwalobukhosi bama Ngisi noba KwaZulu obunamlando omude futhi omuhle kakhulu osudonse isikhathi eside kakhulu.

## Ixoxwa ngezithombe















